

Emandulo, kwakukhona indoda eyayinothile – inepulazi elikhulu elivundile, inezinkomo, izimvu, nezimbuzi. Kodwa, ngesikhathi ikhula, kwakhula nokudinwa, ngoba kwakukhona okwasekushoda emnothweni wayo. Wayengenaye unkosikazi.





Emile ngaphansi kwesihlahla wafikelwa yisu elihle kakhulu.

Uma egcina engamtholi umfazi, mhlawumbe angazenzela owakhe?




Ngakhoke wabaza owesifazane omuhle egatsheni lesihlahla esiqinile.

Wathi uma eseqedile ukwenza isichushe sakhe wathinta amehlo akhe avuleka. Ngesineke wamphefumulela, wavele waphila waphefumula.

Wayengowesifazane omuhle ukwedlula bonke.

Waguqa phambi kwakhe wamcela ukuba abe umfazi wakhe.






Wamfaka isibhaxelo, ubuhlalu nesicoco njengophawu lomshado. Wamakhela umuzi ngodaka notshani lapho ayehlala anabe khona.

“Kukhona into eyodwa engiyicelayo,” washo kumkakhe “Ungatsheli noyedwa ukuthi ngikuthathephi”

Kungekudala, izinsizwa ezingomakhelwane zaqala zaxoxa zodwa.
“Kungenzeka kanjani ukuthi ikhehla lingaba nonkosikazi omuhle kanje? Banquma ukumtshontsha. Bamthatha bamfaka esibayeni sabo.





Inhliziyo yekhehla yayibuhlungu. Wazizwa engakwazi ukuphila ngaphandle kwakhe.

Wacabanga, “Mhlawumbe ukuba benginotho lwakhe. Ngabe angibuhlungu kanje?”

Wathumela amajuba amabili ukuyomfuna, amculela bese ebuya nento yakhe.



Uma esemtholile amculela ngolimi lwezinyoni

Mfazi, mfazi oyiyisihlahla omuhle ukwedlula abanye abafazi.
Indoda yakho isithumile ukuthi sizolanda isibhaxelo sakho!

Wawanika isibhaxelo andiza phezu kwezindlu kwamagquma naphezu kwemifula aze ayofika endodeni yakhe. Wasithatha wasibeka ebusweni sathi ukumdududuza isikhashana.





Umzwangedwa wamudla njalo. Ngakho ke wathumela amajuba futhi ukuthi ayomculela:

Mfazi oyisihlahla,
Mfazi oyisihlahla,
omuhle ukwedlula abanye abafazi,
Indoda yakho isithumile ukuthi sizolanda isicoco sakho!
Nempela zasithatha zandiza naso.





Wabamba isicoco somkakhe wabubula ebalisa ngomkakhe ele kude esibayeni lapho insizwa zabe zimbeke khona.

Emva kwesikhashana wabiza amajuba futhi. Hambani niyomculela,

Mfazi oyisihlahla,
Mfazi oyisihlahla omuhle ukwedlula abanye abafazi, indoda yakho isithumile ukuthi sizokulanda ubuyele ekhaya!

Ngesikhathi amajuba ephindela kuye okwesithathu, afike ahlala phezu kwamahlombe akhe. Acula iculo lawo, ijuba lakopolota iso lakhe. Ngokushesha waphenduka isichushe futhi. Izingalo nekhanda lakhe kwawohloka.





Indoda yakhe yagingqela isiqu somzimba wakhe emfuleni.

Wamvusa wammisa ngezimpande zakhe emanzini. Elekelelwa ilanga namanzi wamila amaqabunga futhi.

Ngesikhathi umoya uvunguza
amaqabunga awa.
Njengokukhophoza komfazi uma ebona
umyeni wakhe.

